# TRANSNET SOC LTD

## I-PAIA NE-POPIA

## IBHUKU LOLWAZI

*Ibhuku elishicilelwe ngokweSigaba 14 soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, 2000 (uMthetho No. 2 ka-2000) ("PAIA"), elikhuluma ngezidingo zoMthetho Wokuvikela Ulwazi Lomuntu Siqu, 2013 (uMthetho No. 4 ka-2013) ("POPIA").*

**2026**

# ITHEBULA LOKUQUKETHWE

ITHEBULA LOKUQUKETHWE ........ 2
1. ISINGENISO ........ 5
2. UKUTHOLAKALA KWALELI BHUKU ........ 5
3. IMISEBENZI NESAKHIWO SE-TRANSNET ........ 5
3.2. Isakhiwo Sokuphatha ........ 7
3.3. Isakhiwo Seqembu Eliphethe ........ 8
3.4. AmaPhiko Okusebenza ........ 9
3.5. Abezokulawula Kwamachweba Kuzwelonke (i-TNPA) ........ 9
3.6. Ezamatheminali Amachweba Kwa-Transnet (i-TPT) ........ 10
3.7. Ezezitimela Zokuthuthwa Kwempahla (i-TFR) ........ 10
3.8. Ezamaphayiphi Kwa-Transnet (i-TPL) ........ 11
3.9. Ezobunjiniyela Kwa-Transnet (i-TE) ........ 11
3.10. Ezempahla Kwa-Transnet (i-TP) ........ 13
3.11. Imenenja Yengqalasizinda Yezitimela Kwa-Transnet (i-TRIM) ........ 14
4. IZIKHULU ZOLWAZI NEMININININGWANE YOKUXHUMANA ........ 14
4.1. Ukukhalaza Kwangaphakathi ........ 16
5. UMHLAHLANDLELA WEZOLAWULO LOLWAZI ........ 17
6. INDLELA YOKUTHOLA AMAREKHODI APHETHWE YI-TRANSNET ........ 18
6.1. Isinyathelo 1: Ingabe unelungelo lokusebenzisa i-PAIA ukuze ucele ukuthola ulwazi? ........ 18
6.2. Isinyathelo 2: Ingabe ulwazi oluceliwe lukhona ngesimo serekhodi? ........ 19
6.3. Isinyathelo 3: Ingabe irekhodi liphethwe noma lilawulwa yi-Transnet? ........ 19
6.4. Isinyathelo 4: Ingabe kufanele uthumele isicelo ngokweNgxenye 2 noma ngokweNgxenye 3 ye-PAIA? ........ 20
6.5. Isinyathelo 5: Ifomu Lesicelo ........ 20
7. ULWAZI LOMUNTU SIQU ........ 20
7.1, Ukuqoqwa Nokucutshungulwa Kolwazi Lomuntu Siqu yi-Transnet ........ 20
7.2, Izinjongo Zokucubungula Ulwazi Lomuntu Siqu ngabakwa-Transnet ........ 22
7.3. Abantu Ulwazi Lomuntu Siqu Olumayelana Ngabo Lucutshungulwa yi-Transnet ........ 23
7.4. Ulwazi Lomuntu Siqu Olucutshungulwa yi-Transnet ........ 23

# 1. ISINGENISO

1.1. Leli bhuku lolwazi (Umqulu) lishicilelwe ngokweSigaba 14 soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, 2000 (uMthetho No. 2 ka-2000) ("PAIA" / uMthetho"), njengoba lichibiyelwe futhi likhuluma ngezidingo zoMthetho Wokuvikela Ulwazi Lomuntu Siqu, 2013 (uMthetho No. 4 ka-2013) ("POPIA"), njengokuchitshiyelwa kwalo.

1.2. I-PAIA iqalisa ukusebenza kwemibandela yeSigaba 32 yoMthethosisekelo, enikeza ilungelo lokufinyelela olwazini olugcinwe nguHulumeni nasolwazini olugcinwe ngomunye umuntu oludingekayo ukuze kusetshenziswe futhi/noma kuvikelwe noma yiliphi ilungelo. I-POPIA iqalisa ukusebenza kwelungelo lobumfihlo ngaphansi kweSigaba 14 soMthethosisekelo.

1. 3. Inhloso ye-PAIA ukukhuthaza isiko lokungafihli lutho kanye nokuziphendulela kokubili emkhakheni womphakathi kanye nowangasese ngokunikeza noma yimuphi umuntu ilungelo lokufinyelela ulwazi ukuze akwazi ukusebenzisa nokuvikela wonke amalungelo akhe ngokugcwele. Inhloso ye-POPIA ukukhuthaza ukuvikelwa kolwazi lomuntu siqu olucutshungulwa izinhlangano zomphakathi kanye nezangasese.

1.4. Inhloso yaleli Bhuku ukubeka izinqubo nemibandela okumele kulandelwe yinoma yimuphi umuntu ("ongumfakisicelo") uma ecela amarekhodi aphethwe noma alawulwa yi-Transnet SOC Ltd ("Transnet") kanye Namaphiko ayo Okusebenza.

# 2. UKUTHOLAKALA KWALELI BHUKU

2.1. Leli Bhuku liyatholakala ewebhusayithini yeNkampani ethi: www.transnet.net noma ngokufaka isicelo sokuba unikezwe ikhophi nge-imeyili kuSekela Lesikhulu Sezolwazi njengoba inikeziwe lapha ngezansi.


2.2. Isigaba 110 soMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu sethule izichibiyelo kuMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Ulwazi, owaqala ukusebenza ngomhlaka-1 Julayi 2021. Le Bhuku libuyekeziwe ukuze lifake lezo zichibiyelo, okuhlanganisa nezichibiyelo zezigaba 10 no-14 ze-PAIA (eziphathelene nokutholakala nokushicilelwa kweBhuku Lolwazi le-PAIA), kanye nesigaba 25 se-PAIA (manje esesivumela ukuthi uma isicelo somfakisicelo senqatshiwe usezokwazi ukufaka isikhalazo kuMlawuli Wolwazi).

# 3. IMISEBENZI KANYE NESAKHIWO SE-TRANSNET

3.1. I-Transnet iyinkampani kahulumeni yezokuphathwa nokuthuthwa kwempahla lapho uHulumeni waseNingizimu Afrika enguye kuphela umnikazi wezabelo. I-Transnet ihlanganisa amachweba, izitimela, amatheminali, ubunjiniyela,

3.2. Isakhiwo Sokuphatha:


3.2. 1. Umdwebo olandelayo uchaza isakhiwo sokuphatha kwa-Transnet, kusukela kuMninizabelo kuya eKomidini LoPhiko Eliphethe kanye naMaphiko Okusebenza:




*Umfanekiso 1: Isakhiwo Sokuphatha kwa-Transnet:*

## 3.3. Isakhiwo Seqembu Eliphethe

3.3. 1. IKomidi Leqembu Eliphethe, eliholwa yiSikhulu Esiphezulu Seqembu, linesibopho sokuphathwa kwansuku zonke kwa-Transnet kanye NamaPhiko ayo Okusebenza. Ukwakheka kweSikhulu Seqembu Eliphethe kuboniswe ngezansi:




*Umfanekiso 2: Isakhiwo Sethimba Lokuphatha kwa-Transnet*

3.3. 2. Amalungu eKomidi Leqembu Eliphethe kanye namaphothifoliyo awo ohlwini olungezansi:

| **Igama** | **Iphothifoliyo** |
|---|---|
| **Michelle Phillips** | ISikhulu Seqembu Esiphethe |
| **Nosipho Maphumulo** | ISikhulu Seqembu Esiphethe Kwezezimali |
| **Solly Letsoalo** | Isikhulu Esiphethe Seqembu Kwezokusebenza |
| **Vuledzani Nemukula** | ISikhulu Esiphethe Kwezenqubo Yokuthenga |
| **Itumeleng Matsheka** | ISikhulu Kwezokuphatha Nokufunda Kwabantu |
| **Yolisa Kani** | ISikhulu Esiphethe Kwezokuthuthukiswa Kwamabhizinisi |
| **Sayeeda Khan** | ISikhulu Esiphethe Kwezokucwaningwa Kwamabhuku |

| Igama | Iphothifoliyo |
|---|---|
| **Sandra Coetzee** | ISikhulu Esiphethe Kwezomthetho |
| **Andrew Shaw** | ISikhulu Esiphethe Kwezamasu Nokuhlela |
| **Pandelani Munyai** | ISikhulu Esiphethe Sezolwazi |
| **Andre Pillay** | UMgcinimafa Weqembu |
| **Russell Baatjies** | Isikhulu Esiphethe, Ezezitimela Zezokuthuthwa Kwempahla kwa-Transnet |
| **Jabulani Mdaki** | ISikhulu Esiphethe, Ezamatheminali amachweba kwa-Transnet |
| **Mohammed Abdool** | ISikhulu Esiphethe, Abezolawulo Bamachweba Kuzwelonke kwa-Transnet |
| **Kapei Phahlamohlaka** | ISikhulu Esiphethe, Ezempahla kwa-Transnet |
| **Sibongiseni Khathi** | ISikhulu Esiphethe, Ezamaphayiphi Kwa-Transnet |
| **Bessie Mabunda** | ISikhulu Esiphethe, Ezobunjiniyela Kwa-Transnet |
| **Moshe Motlohi** | Isikhulu Esiphethe, Imenenja Yengqalasizinda Kwaa-Transnet |

## 3.4. AmaPhiko Okusebenza

3.4. 1. AmaPhiko Okusebenza Kwa-Transnet ayachazwa ezigabeni kusukela ku-3.5 kuya ku-3.11

## 3.5. Abezokulawulwa Kwamachweba Kuzwelonke Kwa-Transnet (i-TNPA)

3.5. 1. Njengoba uphiko Lwabezolawulo Bamachweba Kuzwelonke kwa-Transnet (i-TNPA) lunabasebenzi abangu-4 168 (kufaka phakathi abasebenzi benkontileka ezinzile), lunomsebenzi wokwenza ukuthi ukusebenza komnotho wohlelo lwezamachweba kuzwelonke lusebenza ngendlela ephephile, nangendlela esebenzayo nenempumelelo. Ihlinzeka ngengqalasizinda yezamachweba kanye nezinsizakalo zasolwandle emachwebeni ayisishiyagalombili okuhweba eNingizimu Afrika, okuyichweba laseRichards Bay, ichweba laseDurban, ichweba laseSaldanha, ichweba laseKapa, ichweba laseGqeberha, ichweba lase-East London, ichweba laseMossel Bay, kanye nechweba laseNgqura.

3.5. 2. I-TNPA isebenza ngaphakathi kwesimo somthetho nesokulawula esakhiwe yi-National Ports Act, 2005 (No. 12 ka-2005) ("i-NPA"), njengoba ichitshiyelwe.

### 3.6. Ezamatheminali Amachweba Kwa-Transnet (i-TPT)

3.6. 1. I-Transnet Port Terminals ("i-TPT") yasungulwa ngo-2000, lapho isigaba sechweba elilodwa le-Transnet ngaleso sikhathi, i-Portnet, sahlukaniswa saba amabhizinisi okusebenza kanye nabanikazi bezindawo, okuyi-South African Port Operations (SAPO), eyaba yi-TPT, kanye ne-National Port Authority, eyaba yi-TNPA.

3.6. 2. Kusukela yasungulwa, i-TPT idlale indima ebalulekile ekusekeleni isu lokukhula eliholwa nguHulumeni waseNingizimu Afrika lokuthumela impahla ngaphandle. Impahla eningi engeniswayo nethunyelwa ngaphandle eNingizimu Afrika iphathwa ngamachweba ayisikhombisa (7) okuthutha eNingizimu Afrika, okuyiRichards Bay, iDurban, iSaldanha, iCape Town, iGqeberha, i-East London kanye neNgqura. I-TPT iphatha umkhakha wamakhonteyina, izinsizakalo zokubonisana nokweluleka ngenqwaba yezimbiwa, ukuhlela okudidiyelwe, izinhlelo kanye nobuchwepheshe, imikhakha yezolimo kanye nemikhakha ye-Ro-Ro.

3.6. 3. Amakhasimende amakhulu e-TPT amele umkhakha obanzi womnotho iphinde ibandakanye nemboni yemikhumbi, nabakhiqizi bezimoto, ezolimo, nemikhiqizo yezinkuni kanye namahlathi, nemboni yezimayini, kanye nabathumeli bamaminerali, insimbi kanye ne-granite kwamanye amazwe.

### 3.7. Ezezitimela Zokuthuthwa Kwempahla Kwa-Transnet (i-TFR)

3.7. 1. Uphiko lwezitimela zokuthuthwa kwempahla kwa-Transnet ("i-TFR") luhlinzeka ngezinsizakalo zesitimela emizileni emikhulu eNingizimu Afrika, zokuthuthwa kwempahla enhlobonhlobo ngobuningi, kubandakanya ukumbiwa kwezimayini, izimpahla zezolimo nezokukhiqiza, uketshezi oluningi olunhlobonhlobo, izimpahla ezifakwe emakhonteyinini, kanye nezingxenye zezimot okuthunyelwa okuthunyelwa emazweni angaphandle, izimakethe zesifunda nezasekhaya. I-TFR yaziwa ngezitimela ezithutha amalahle amaningi kanye nokusansimbi okuthunyelwa kwamanye amazwe. I-TFR ithutha nemanganisi ethunyelwa kwamanye amazwe.

3.7. 2. I-TFR iyaziqhenya ngedumela layo lobuholi bezobuchwepheshe ngaphandle kwe-Afrika kanye nangaphakathi kwezwekazi lase-Afrika. I-TFR izibeke endaweni yayo yokuba yibhizinisi lezitimela ezithwala impahla elinenzuzo nelisimeme, elisiza ekuqhubekiseleni phambili ukuncintisana komnotho waseNingizimu Afrika.

3.7. 3. I-TFR ihlinzeka Ngesevisi Yokulala ku-Blue Train. Uhambo nge-Blue Train luhamba ngomzila ongamakhilomitha ayi-1 600 phakathi kwePitoli neKapa.

## 3.8. Ezamaphayiphi Kwa-Transnet (TPL)

3.8. 1. Uphiko olusebenza ngamaphayiphi ("i-TPL") yongamele uhlelo lwezamasu empahla nemisebenzi ethinta amaphayiphi athutha izinto ezimbili ezisemqoka okuyifuweli kanye negesi ekuthumela ezindaweni ezingamabanga ahlukahlukene, iphinde igcine nodizili kanye nophethilomu endaweni yayo yokugcina okuyi-Tarlton eGauteng. Leli bhizinisi lisebenza ngamalitha alinganiselwa ku-17 wamalitha angamabhiiyoni wefuweli eluketshezi kanye negesi enothe nge-methane engaphezu kwama-cubic metres angu-500 wamamiliyoni. Imikhiqizo yoketshezi ifaka uwoyela ongahluziwe, kanye nodizili, nophethiloli ongenayo i-lead kanye nophethiloli wezindiza.

3.8. 2. I-TPL inochungechunge lwamapayipi angu-3 800 km esebenza ngawo anqamula ezifundazweni zaKwaZulu-Natali, eFree State, eGauteng, eNyakatho-Ntshonalanga naseMpumalanga. Lolu chungechunge lubandakanya ipulazi lethangi eTarlton elingamalitha angu-30 wezigidi, elisetshenziswa kakhulu ukugcina nokusabalalisa uphethiloli oluketshezi eBotswana.

3.8. 3. Iphayiphi legesi lisuka eSecunda liye eThekwini linqamula eMpangeni. Linezindawo zokusuka eNewcastle naseRichards Bay, kanye nomzila ophakathi kweMpangeni neTheku. Wonke amaphayiphi e-TPL ahambisana ne-ASME B31.4, okuyikhodi lokusebenza laseMelika, enobubanzi bawo bobundilinga obulinganiselwe kumayintshi asuka kwayisithupha (okungu-152 mm) kuya kumayintshi angu-24 (okungu-607 mm). Ingcindezi kuchungechunge lwamaphayiphi liqashwa amahora angu-24 ngosuku, izinsuku ezingu-365 ngonyaka ku-National Operating Centre ye-TPL (NOC) esePinetown. Ihhovisi elikhulu liseThekwini, KwaZulu-Natal.

3.8. 5. Amakhasimende e-TPL ayizinkampani ezinkulu zefuweli zaseNingizimu Afrika, okuyi-BP, i-Astron Energy, i-Engen, i-Sasol, i-Shell kanye ne-Total. I-TPL isihlinzeke ngohlelo lwamaphayiphi kanye nezizinda zokugcina ezinkampanini zikaphethiloli ezisafufusa eziphethwe ngabantu abamnyama ezingena embonini kaphethiloli.

## 3.9. Ezobunjiniyela Kwa-Transnet (i-TE)

3.9. 1. Uphiko lobunjiniyela i-Transnet Engineering ("TE"), okuyisigaba sokukhiqiza esithuthukisiwe se-Transnet SOC Ltd, isebenzisa abantu kanye nemali yokwenza ngenhloso yokwenza imisebenzi yezocwaningo, yokudizayina,yokukhiqiza kanye neyokugcina amakhanda ezitimela nezinqola zempahla kanye nezinqola ezigibeza abantu kuhlale kusesimweni esihle. Ngezimboni zayo eziyisikhombisa ezihlonyiswe

kahle, ezinesitifiketi se-ISO, i-TE yandisa iphothifoliyo yayo yamakhasimende ezitimela e-Afrika nasemhlabeni jikelele.

3.9. 2. I-TE ibilokhu ihlinzeka ngezinsizakalo embonini yezitimela ngokuhlinzeka ngezitimela zokuthutha impahla kanye nokugcinwa kwazo zisesimweni esihle iminyaka engaphezu kwengu-150. I-TE ingumgogodla wemboni yezitimela yaseNingizimu Afrika, enemigomo ebaluleke kakhulu egxile ekuhlinzekeni ngemisebenzi yokugcinwa kwezitimela nezisetshenziswa ezihlobene nezitimela zisesimeni esihle nasekuzilungiseni kanye nasekuziqaleni phansi (okuyi-MRO) ezwenikazi lase-Afrika, ingumkhiqizi wezisetshenziswa (okuyi-OEM) oseqopheleni eliphezulu okhiqiza izithuthi ezihamba emzileni wezitimela kanye nemishini, futhi iyinkampani ehamba phambili ekuthuthukisweni nasekukhulisweni kwezomnotho e-Sub-Saharan Afrika, futhi iyisizinda sobuhlakani mayelana nokuthuthukiswa kwamakhono ezemisebenzi nawobunjiniyela e-Afrika.

**3.9. 3. Imisebenzi esemqoka ye-TE ifaka:**

- Ibhizinisi Lamakhanda Ezitimela: I-TE ingumhlinzeki ohamba phambili e-Sub-Saharan Africa wamakhanda ohlobo lwe-alternating current (okuyi-AC), nolwe-direct current (okuyi-DC), kanye nalawo ahamba ngodizili kuphela nalawo asebenzisa udizili nogesi, futhi isaqhubeka nokuhamba phambili ekusunguleni kanye nasekukhiqizeni amakhanda ezitimela kuyo yonke i-Afrika. Ngaphezu kokukhiqiza amakhanda ezitimela, iphinde ithuthukise futhi igcine lawo akhona esesimweni esihle.
- Ibhizinisi Lenqola ezigibeza abantu: I-TE ikhiqiza izinqola zesitimela ezigibeza abantu iphinde izikhiqize kabusha futhi inikezela ngezixazululo eziguquguqukayo nezingabizi kakhulu zokudizayina nokwakhiwa kwanoma yiluphi uhlono lwemoto oluhamba emzileni wezitimela.
- Ibhizinisi Lezinqola Zesitimela Zempahla: I-TE ihlinzeka ngobuchwepheshe obuwubuchule ekuhlangabezaneni nezidingo ezihlukiahlukene zamakhasimende.
- Ibhizinisi Lokulungisa Nezinsizakalo: Ihlinzeka ngezinsizakalo zokulungiswa wezimoto ezisebenzisa imizila yezitimela.

- Isikole Sobunjiniyela: Isikhungo sokuqeqesha esizinzile, nesinegama elihle kanye nesigunyaziwe esigxile ekuqeqeshweni ngamakhono ahlukahlukene emkhakheni wezobunjiniyela.

## 3.10. Ezempahla Kwa-Transnet (i-TP)

3.10. 1. Uphiko Lwezempahla kwa-Transnet ("i-TP") yasungulwa ngomhlaka-1 Januwari 2008 yi-Property and Transnet Housing esafufusa. Ngesikhathi sokwakhiwa kwayo, yaba yiyunithi yezokwesekwa kwamasu egxile ekukhuleni, nasekubeni yisizinda sokusebenza senkampani esihlinzeka ngezinsizakusebenza eQenjini ngokulawula iphothifoliyo yemisebenzi engekho semqoka kanye nezamasu empahla ngokuncike ekulahlweni noma ekusetshenzisweni ngamabhizinisi, kanye nasekuhlinzekeni kwezinsiza zezezindlu zenkampani.

3.10. 2. Njengamanje i-TP yiyo engumnikazi omkhulu kahulu wempahla kuzwelonke. I-TP ilawula iphothifoliyo yempahla esetshenziselwa imisebenzi esemqoka kanye nempahla yokutshalwa kwezimali, engenisa imali evela kubaqashi. I-TP iphinde ihlinzeke ngezinsizakalo ezikhethekile zempahla kufaka phakathi ukuhlolwa kwentengo, ukuhlolwa kwentengo yempahla kamasipala, ukuhlaziywa kwabasebenzi, ukuhlolwa komhlaba, ukudwetshwa kwamapulani, kanye nokulawula kobunikazi bempahla.

3.10. 3. Iphothifoliyo ye-TP yezindawo zezentengiselwano nezindawo zokuhlala inenani lencwadi elingu-R6,5 wamabhiliyoni elivela kuphothifoliyo ye-Transnet Group engu-R35 wamabhiiyoni. Ingxenye esele yephothifoliyo yempahla iphathwe ngamanye amaPhiko Okusebenza. Iphothifoliyo yezentengiselwano ephethwe yi-TP inamahhovisi, izimboni, izakhiwo zokuthengisa kanye nomhlaba. Iphothifoliyo yezindawo zokuhlala inezitende ezingenalutho, amayinithi angawodwana ezindlu ezihlala abantu kanye nezindlu ezixhumene (ezingamamahhotela, amalonji kanye nama-line camp).

3.10. 4. Abanye babaqashi be-TP abasebenzisa amahhovisi kuhlanganisa iHhovisi likaNdunankulu waseFree State, uMnyango Wezempilo waseNyakatho Kapa, i-Directorate for Priority Crime Investigation (ama-Hawks) eGqeberha, uMasipala Omkhulu WaseKapa, i-Passenger Rail Agency of South Africa, kanye ne-First National Bank Emkhakheni wezimboni kanye nezindawo zokugcina impahla, abaqashi abasemqoka bahlanganisa i-Shoprite, i-Rovos Rail Tours, i-Grindrod Intermodal Transport, i-DHL Courier Services, kanye ne-Aspen Pharmacare. Abaqashi ababalulekile bezitolo e-Eastern Region kuhlanganisa i-BP, i-Umlazi Mega City, kanye ne-Barlow Motor Investments.

3.10. 5. Isikhungo se-TP i-Carlton Shopping Centre sinendawo yokuqasha ehlanganisa ama-brand ahamba phambili asendaweni ezifana nePick n Pay, i-Woolworths, i-Timberland, i-Truworths, i-Spitz, i-Mr Price i-Kiddies,i-Nedbank, i-Standard Bank, i-Capitec Bank, i-Clicks, i-McDonald's, i-Nando's kanye ne-Steers. I-Carlton Hotel ayisebenzi okwamanje, kodwa kunezinhlelo zesikhathi esizayo ngalesi sikhungo.

### 3.11. IMenenja Yengqalasizinda Yesitimela kwa-Transnet (i-TRIM)

3.11. 1. IMenenja Yengqalasizinda Yesitimela kwa-Transnet ("i-TRIM") uPhiko Lokusebenza, umsebenzi walo ezophathwa, nokugcinwa kanye nokuthuthukiswa kochungechunge lwengqalasizinda yesitimela kazwelonke lwe-Transnet, okuhlanganisa umzila, isiginali, ingqalasizinda yogesi kanye nezimpahla zesitimela ezihlobene nalokhu. I-TRIM iqinisekisa ukutholakala, ukuthembeka kanye nobuqotho bochungechunge besitimela olwesekela imisebenzi Yezezitimela Zokuthuthwa Kwempahla zakwa-Transnet (i-TFR), nokusebenzisana nezinye izinkampani uma kunesidingo, ngokuhambisana nohlaka lwezomthetho olusebenzayo.

## 4. IZIKHULU ZOLWAZI KANYE NEMINININGWANE YOKUXHUMANA

4,1. Ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA, iSikhulu Esiphezulu, noma isikhulu esisesikhundleni esilingana nalesi senhlangano yomphakathi siqokwa njengeSikhulu Solwazi. Imininingwane yeSikhulu Solwazi se-Transnet yile:

| **Isikhulu Solwazi** | **Isikhulu Seqembu Esiphethe, Transnet SOC Ltd** |
|---|---|
| **Ikheli** | 96 Rissik Street, Braamfontein, Johannesburg, 2000 |
| **Ucingo** | +27 11 308 2526 |
| **I-imeyili** | Paia2@transnet.net |

4.2. Isikhulu Esiphezulu Seqembu, ngokwesigaba 17(3) se-PAIA kanye ne-POPIA, sinikeze amandla nemisebenzi kanye negunya yi-uthi ebekwe phezu kwakhe nguMthetho kubaphathi abaphezulu okungama-Chief Executive (ama-CE) bamaPhiko Okusebenza, okumele benze imisebenzi Yezikhulu Zolwazi emaPhikweni abo Okusebenza. Imininingwane Yesekela LeSikhulu Sezolwazi kwa-Transnet isohlwini olungezansi:

| UPhiko Lokusebenza | Imininingwane Yesekela Yesikhulu Solwazi |
|---|---|
| **Ezezitimela Zokuthuthwa Kwempahla Kwa-Transnet** | **Isekela LeSikhulu Esiphethe Sezolwazi: ISikhulu Esiphethe**<br>Ikheli: Girton Road Inyanda House 2 Parktown, JHB<br>Ucingo: +27 11 774 4944<br>I-imeyili: Paia2@transnet.net |
| **Ezobunjiniyela Kwa-Transnet (TE)** | **Isekela LeSikhulu Esiphethe Sezolwazi: ISikhulu Esiphethe**<br>Ikheli: Inyanda House, Lynette Street, Kilner Park, Pretoria<br>Ucingo: +27 12 391 1301<br>I-imeyili: Paia2@transnet.net |
| **Abezolawulo Bamachweba Kuzwelonke** | **Isekela LeSikhulu Esiphethe Sezolwazi: ISikhulu Esiphethe**<br>Ikheli: Mendi Building, Klub Road off Neptune Road, Port of Ngqura, Gqeberha<br>Ucingo: 041 816 9659<br>I-imeyili: Paia2@transnet.net; TNPAPAIA@transnet.net |
| **Ezamatheminali Amachweba Kwa-Transnet** | **Isekela LeSikhulu Esiphethe Sezolwazi: ISikhulu Esiphethe**<br>Ikheli: 2nd Floor, 202 Anton Lembede Street, Durban<br>Ucingo: +27 31 361 6255<br>I-imeyili: Paia2@transnet.net |
| **Ezamaphayiphi Kwa-Transnet** | **Isekela LeSikhulu Esiphethe Sezolwazi: ISikhulu Esiphethe**<br>Ikheli: Room 807, 202 Anton Lembede Street, Durban<br>Ucingo: +27 31 361 1300<br>I-imeyili: Paia2@transnet.net |
| **Ezempahla Kwa-Transnet** | **Isekela LeSikhulu Esiphethe Sezolwazi: ISikhulu Esiphethe**<br>Ikheli: 150 Commissioner Street, Marshalltown, Johannesburg, 2001<br>Ucingo: 011 308 1034<br>I-imeyili: Paia2@transnet.net |
| **Ezolawulo Yengqalasizinda Yezitimela kwa-Transnet** | **Isekela LeSikhulu Esiphethe Sezolwazi: ISikhulu Esiphethe**<br>Ikheli: 21 Wellington Road<br>Parktown Gauteng South Africa |

| UPhiko Lokusebenza | Imininingwane Yesekela Yesikhulu Solwazi |
|---|---|
| | Ucingo: 011 544 9535<br>I-imeyili: Paia2@transnet.net |

4.3. Isikhulu Esiphezulu Sezomthetho sinikeze amandla okwenza imisebenzi yeSekela Lesikhulu Solwazi maqondana nezicelo eziqondiswe kwiQembu le-Transnet (hhayi oPhikweni Lokusebenza elithile) nakuSizinda Senkampani se-Transnet. Lezo zicelo kumele ziqondiswe kwiSekela Lesikhulu Solwazi kanje:

| **Isekela LeSikhulu Solwazi** | **ISikhulu Esiphethe Kwezomthetho** |
|---|---|
| **Ikheli Leposi** | PO Box 72501, Parkview, 2122 |
| **Ikheli Lesitaladi** | 4th, 96 Rissik Street, Braamfontein, Johannesburg, 2000 |
| **Ucingo** | +27 11 544 9532 |
| **I-imeyili** | Paia2@transnet.net |

### 4.4. Ukukhalaza Kwangaphakathi

4.4. 1. I-Transnet SOC Ltd iyinhlangano yomphakathi futhi iyafaneleka njengenhlangano yomphakathi okukhulunywa ngayo esigabeni (b) sencazelo "inhlangano yomphakathi" esigabeni 1 soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini 2 ka-2000 (PAIA).

4.4. 2. Ngokwesigaba 74 se-PAIA, inqubo yokudlulisa icala yangaphakathi ehlinzekwe eSahlukweni 1 seNgxenye 4 ye-PAIA isebenza kuphela ezinhlanganweni zomphakathi okukhulunywa ngazo esigabeni (a) sencazelo yenhlangano yomphakathi, okuyiminyango kazwelonke noma yesifundazwe.

4.4. 3. Njengoba i-Transnet iyinhlangano yomphakathi ewela ngaphansi kwesigaba (b) sencazelo yenhlangano yomphakathi, ayikho indlela yokudlulisa icala yangaphakathi ekhona maqondana nezinqumo ezithathwe yiSikhulu Solwazi noma iSekela Lesikhulu Solwazi mayelana nezicelo zokufinyelela kumarekhodi.

4.4. 4. Ngakho-ke, lapho umfakisicelo noma omunye umuntu enganelisekile ngesinqumo esithathwe yiSikhulu Solwazi noma iSekela leSikhulu Solwazi se-Transnet, lowo muntu angafaka:

- isikhalazo kuMlawuli Wolwazi (eNingizimu Afrika) ngokweNgxenye B yeSahluko 9 se-PAIA; noma
- afake isicelo enkantolo ukuze athole usizo olufanele ngokwesigaba 82 se-PAIA.

4.4. 5. Noma yisiphi isikhalazo esifakwa kuMlawuli Wolwazi kumele sithunyelwe ngefomu elifanele nangokulandela izikhathi ezifanele ezibekwe ku-PAIA.

**Izikhalazo ezibhekiswe kuMlawuli Wolwazi kufanele zithunyelwe kulokhu:**

| **Ihhovisi** | **Umlawuli Wolwazi (eNingizimu Afrika)** |
|---|---|
| **Ikheli** | Woodmead North Office Park, 54 Maxwell Drive, Woodmead, Johannesburg, 2191 |
| **Ucingo** | +27 10 023 5200 |
| **Imibuzo** | enquiries@inforegulator.org.za |
| **Izikhalazo nge-PAIA** | PAIAcomplaints@inforegulator.org.za<br>helpdesk@inforegulator.org.za |

## 5. UMHLAHLANDLELA WEZOLAWULO LOLWAZI

5.1. Ngokwesigaba 10(1) se-PAIA, njengoba sichitshiyelwe yisigaba 110 se-POPIA, uMlawuli Wolwazi kumele avuselele umhlahlandlela okhona futhi enze ukuthi abantu bakwazi ukuwuthola, ohlanganiswe yiKhomishini Yamalungelo Abantu yaseNingizimu Afrika (i-SAHRC), oqukethe ulwazi oluqondisisekayo nangendlela elula neqondakala kalula kumuntu ofisa ukusebenzisa noma yiliphi ilungelo elliku-PAIA naku-POPIA.

5.2. Ngokwesigaba 10(2) se-PAIA (njengoba sichitshiyelwe), umhlahlandlela kufanele ubandakanye incazelo yalokhu:

- izinto ze-PAIA kanye ne-POPIA;
- indlela kanye nesimo kwesicelo sokuthola irekhodi lenhlangano yomphakathi okubekwe esigabeni 11, kanye nokuthola irekhodi lenhlangano ezimele njengoba kubekiwe esigabeni 50;
- usizo olutholakala kuSikhulu Solwazi senhlangano yomphakathi ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA;

- usizo olutholakala kuMlawuli Wolwazi ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA;

- Zonke izixazululo ezikhona mayelana nesenzo noma ukwehluleka ukwenza okuthile maqondana nelungelo noma umsebenzi onikezwe noma obekwe yi-PAIA kanye ne-POPIA, okuhlanganisa indlela yokufaka isikhalazo sangaphakathi, isikhalazo esibhekiswe kuMlawuli Wolwazi, kanye nesicelo esifakwa enkantolo ngokungeneliseki ngesinqumo seSikhulu Solwazi senhlangano yomphakathi, isinqumo ngesikhalazo sangaphakathi, isinqumo soMlawuli Wolwazi, noma isinqumo senhloko senhlangano yangasese;
- imibandela yesigaba 14 nesigaba 51 ezidinga uhlaka lukahulumeni kanye nohlaka oluzimele ukuba zenze ibhuku, kanye nendlela yokufinyelela ebhukwini;
- izinhlinzeko zesigaba 15 kanye nesesigaba 52 ezihlinzekela ukudalulwa ngokuzithandela kwezigaba zamarekhodi yinhlangano yomphakathi kanye nenhlangano ezimele, ngokulandelana;
- izaziso ezikhishwe ngokwezigaba 22 nangokwesigaba 54 mayelana nezimali okufanele zikhokhwe maqondana nezicelo zokufinyelela kulwazi; kanye
- nemithethonqubo eyenziwe ngokwesigaba 92.

5.3. Ngokwesigaba 10(3) se-PAIA (njengoba sichitshiyelwe), uMlawuli Wolwazi kufanele, uma kunesidingo, abuyekeze futhi ashicilele umhlahlandlela ngezikhathi ezingeqile eminyakeni emibili.

5.4. Isigaba 10(4) sihlinzeka ngokuthi umhlahlandlela kufanele utholakale njengoba kunqunyiwe.

5.5. Uma unemibuzo mayelana nalokhu, sicela uthinte uMlawuli Wolwazi ngqo ekhelini elibekwe esigabeni 4.4 ngenhla.

## 6. INDLELA YOKUTHOLA AMAREKHODI APHETHWE YI-TRANSNET

Izinyathelo ezilandelayo kumele zibhekwe ngaphambi kokufaka isicelo.

### 6,1. Isinyathelo 1: Ingabe unelungelo lokusebenzisa i-PAIA ukuze ucele ukuthola ulwazi?

6.1. 1. Sicela ubheke isigaba 7(1) se-PAIA, esithi:

*"Lo Mthetho awusebenzi kurekhodi lenhlangano yomphakathi noma lenhlangano yangasese uma –*

*(a) lelo rekhodi licelwa ngenhloso yezinqubo zobugebengu noma zomphakathi;*

*(b) licelwe kanjalo ngemva kokuqala kwezinqubo zobugebengu noma zomphakathi, njengoba kungenzeka; kanye*

*(c) ukukhiqizwa noma ukufinyelela kulelo rekhodi ngenhloso okukhulunywa ngayo esigabeni (a) kuhlinzekiwe kunoma yimuphi omunye umthetho."*

6.1. 2. Uma isigaba 7(1) sisebenza, awukwazi ukuletha isicelo ngokwe-PAIA. Kufanele usebenzise imithetho nezinqubo zokuthola ulwazi lwenkundla yezomthetho efanele kanye nezinqubo obandakanyeka kuzo.

6.1. 3. Sicela futhi ubheke isigaba 45 se-PAIA, esivumela i-Transnet ukwenqaba isicelo sokufinyelela irekhodi uma (a) isicelo sibonakala singenamsebenzi noma sicasula, noma (b) umsebenzi obandakanyeka ekucutshungweni kwesicelo uzophambukisa kakhulu nangoungafanele izinsiza zakwa-Transnet.

## 6,2. Isinyathelo 2: Ingabe ulwazi oluceliwe lukhona ngesimo serekhodi?

6.2. 1. Sicela wazi ukuthi i-PAIA isebenza kuphela kumarekhodi akhona ngesikhathi kufika leso sicelo.

6.2. 2. I-PAIA ayiphoqi muntu ukuthi enze irekhodi elingakabi khona ngesikhathi isicelo senziwa. Isibonelo, i-PAIA ayikwazi ukusetshenziselwa ukuthola izizathu zesinqumo esithathwe yi-Transnet uma izizathu ezinjalo zingakarekhodwa

6.2. 3. Uma ungaqiniseki ukuthi irekhodi likhona yini, sicela ukubhale lokho efomini lesicelo elifanele lakwa-Transnet.

## 6,3. Isinyathelo 3: Ingabe irekhodi liphethwe noma lilawulwa yi-Transnet?

6.3. 1. I-Transnet yinhlangano enkulu, futhi ukusesha amarekhodi aceliwe kungadinga isikhathi esiningi, izinsiza kanye nezindleko. Uyelulekwa ukuthi izicelo zibe neminininingwane eminingi ngokwanele futhi ufake nenombolo yereferensi, ikakhulukazi uma isicelo sihlobene namathenda.

6.3. 2. I-PAIA ikubeka ngokusobala ukuthi amarekhodi aceliwe kumele kube wukuthi aphethwe noma angaphansi kolawulo lakwa-Transnet. Ngokwe-PAIA, irekhodi eliphethwe noma elingaphansi kolawulo (a) lwesikhulu sakwa-Transnet, noma (b) lwenkontileka ezimele eqashwe yi-Transnet, lithathwa njengerekhodi lakwa-Transnet. Uma umfakisicelo engaqiniseki ukuthi irekhodi liphethwe noma lingaphansi kolawulo lwe-Transnet, kumele akubhale lokho efomini lesicelo elifanele.

### 6,4. Isinyathelo 4: Ingabe kufanele uthumele isicelo ngokweNgxenye 2 noma ngokweNgxenye 3 ye-PAIA?

6.4. 1. I-Transnet iyinhlangano yomphakathi ngokwencazelo yesigatshana (b)(ii) echaza inhlangano yomphakathi ku-PAIA. Ngokwe-PAIA, i-Transnet kufanele ithathwe njengenhlangano yomphakathi, ngisho nalapho ingasebenzisi "amandla omphakathi".

6.4. 2. Imigomo ye-PAIA ephathelene nezinhlangano zomphakathi izohlala isebenza kwa-Transnet.

### 6,5. Isinyathelo 5: Ifomu Lesicelo

6.5. 1. Njengoba kushiwo ngenhla, i-Transnet ithathwa njengenhlangano yomphakathi ngokwe-PAIA.

6.5. 2. Izicelo zokufinyelela kumarekhodi aphethwe yi-Transnet kumele zenziwe kuphela efomini lesicelo elichazwe nguMthetho, ikhophi yalo inamathiselwe njengeSithasiselo

6.5. 3. Uma ufisa ukubhala ulwazi lwakho efomini lokufaka isicelo elingokohlelo lwe-MS Word, sicela uthumele i-imeyili kuSekela Lesikhulu Solwazi esifanele ukuze ukwazi ukuthola ifomu lokufaka isicelo ngohlelo lwe-MS Word.

## 7. ULWAZI LOMUNTU SIQU

### 7,1. Ukuqoqwa Nokucutshungulwa Kolwazi Lomuntu Siqu yi-Transnet

7.1. 1. I-Transnet ithatha ubumfihlo nokuvikelwa kolwazi lomuntu siqu njengento ebaluleke kakhulu futhi izoqoqa iphinde icubungule ulwazi lomuntu siqu ngokuhambisana nomthetho waseNingizimu Afrika osebenzayo olawula ukuvikelwa kolwazi lomuntu siqu. Kuze kube manje, ulwazi lomuntu siqu luzoqoqwa futhi lucutshungulwe ngokuhambisana nemibandela yokucubungula ngokomthetho ulwazi lomuntu siqu njengoba kubekiwe kuMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu, ka-2013 (uMthetho No. 4 ka-2013) ("POPIA"), njengoba ichitshiyelwe. Ngaphandle kokulinganiselwa kwalokhu okungenhla, ukuqoqwa nokucutshungula kolwazi lomuntu siqu yi-Transnet kuzofaka, kodwa ngeke kulinganiselwe, ekuqinisekiseni ukuthi:

- izimo zokucutshungulwa ngokusemthethweni kolwazi lomuntu siqu ziyaneliswa;
- ukucutshungulwa kolwazi lomuntu siqu kwenziwa ngokomthetho, ngezinjongo ezidingekayo hhayi ngokweqile, ngendlela evikela izintshisekelo ezisemthethweni zomuntu noma

zabantu abathintekayo kulolo lwazi, futhi okungaphuli amalungelo abo;

- ulwazi lomuntu siqu lucutshungulwa kuphela ngemvume yomuntu othintekayo kulolo lwazi (noma umuntu ofanele lapho umuntu othintekayo kulolo lwazi esemncane). Imvume enjalo ingahoxiswa nganoma yisiphi isikhathi, kanti ngaleso sikhathi ihoxisiwe, i-Transnet izoyeka ukucubungula ulwazi lomuntu siqu, ngaphandle uma ulwazi lomuntu siqu lungacutshungulwa ngaphandle kwemvume ngenhloso yokusetshenziswa ngokusemthethweni njengoba kuchaziwe ku-POPIA;
- Okunye ukucutshungulwa kolwazi lomuntu siqu kuzohambisana nenjongo yokuqoqwa kwalo yasekuqaleni, ngokuhambisana nezimo ezifana nohlobo lwesimo salolo lwazi oluthintekayo, imiphumela engaba khona mayelana nokunye ukucutshungulwa kolwazi lwalowo muntu othintekayo kulo, indlela ulwazi oluqoqwe ngayo, kanye namalungelo esivumelwano nezibopho ezikhona phakathi kwe-Transnet nomuntu othintekayo kulolo lwazi;
- kuthathwa izinyathelo eziphusile ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi ulwazi lomuntu siqu olunikeziwe lunembile, luphelele futhi aludukisi. Mayelana nalokhu, injongo yokuqoqwa noma yokucutshungulwa kolwazi lomuntu siqu yiyo okuzonqunywa ngayo okumele kwenziwe kuleso simo; futhi
- abantu abathintekayo kulolo lwazi bavunyelwe ukusebenzisa amalungelo abo ngaphansi kwe-POPIA mayelana nolwazi lwabo lomuntu siqu.

7.1. 2. I-Transnet ivikela isithunzi kanye nobumfihlo bolwazi lomuntu siqu oluphethwe yiyo noma olulawulwa yiyo.

7.1. 3. Noma yimuphi umsebenzi noma umuntu ocubungula ulwazi lomuntu siqu egameni le-Transnet noma umuntu ocubungula ulwazi olunjalo ngemvume nangokugunyazwa yi-Transnet, kumele aphathe lolo lwazi lomuntu siqu njengoluyimfihlo, futhi akumele aludalule ngaphandle uma ephoqwe wumthetho noma ngesikhathi enza umsebenzi wakhe ngendlela efanele.

7.1. 4. Uma zikhona izizathu ezizwakalayo zokukholelwa ekutheni lolo lwazi lomuntu siqu lomuntu othinteka kulolo lwazi lutholwe ngumuntu ongagunyaziwe, i-Transnet yazisa uMlawuli Wolwazi kanye nalowo muntu othinteka kulolo lwazi uma kukwazeka ukuthi atholakale. I-Transnet izokulibazisa ukwaziswa komuntu othintekayo kulolo lwazi uma inhlangano yomphakathi okngumsebenzi wayo ukvikela, ukuthola noma

ukuphenya amacala, noma uMlawuli Wolwazi, enquma ukuthi isaziso esinjalo sizophazamisa uphenyo lobugebengu yinhlangano yomphakathi ethintekayo.

7.1. 5. Umuntu othintekayo kulolo lwazi, esinikeze ubufakazi obanele obufakazela ukuthi nguye uqobo, unikezwa ilungelo lokucela ukuthi i-Transnet ikuqinisekise lokhu, ngaphandle kokhokha imali, noma ngabe i-Transnet inalo yini ulwazi lomuntu siqu noma ayinalo mayelana mayelana nomuntu othintekayo kulolo lwazi, kungenzeka ukuba icele irekhodi noma incazelo yolwazi lomuntu siqu mayelana nalowo muntu othintekayo kulolo lwazi oluphethwe ngabakwaTransnet, okuhlanganisa ulwazi mayelana nabomazisi babo bonke abanye abantu abakwazi ukuthola ulwazi lomuntu siqu lwalowo muntu othintekayo kulolo lwazi.

## 7,2. Izinjongo Zokucubungula Ulwazi Lomuntu Siqu ngabakwa-Transnet

7.2. 1. I-Transnet izocubungula ulwazi lomuntu siqu ngezinjongo ezihlukahlukene, kuhlanganisa lokhu okulandelayo kodwa kube kungagcini kulokho:

- ukugcina amarekhodi amakhasimende;
- ngezinjongo zokuqasha;
- ngezinjongo zokuqashwa;
- ukunikeza amakhasimende izinsizakalo eziphumelelayo
- ukuhlinzeka ngamasevisi abalulekile kumakhasimende;
- ukuhlinzekwa kwezinsizakalo zezempilo nezeluleko zempilo kubasebenzi bayo;
- ukugcina ama-akhawunti akwa-Transnet kanye namarekhodi ezezimali;
- ukweseka nokuphatha abasebenzi bakwaTransnet;
- ukusetshenziswa kobuchwepheshe ukuvikela impahla yakwa-Transnet;
- ukuhlola nokucubungula izicelo;
- ukuthola nokuvimbela ukukhwabanisa, inkohlakalo nobunye ubugebengu;
- ucwaningo lwemakethe kanye nokuhlaziywa kwezibalo;
- ukuhambisana nezidingo zomthetho nezokulawula;
- ukuqinisekisa ubunikazi bomuntu onolwazi;
- ngezinhloso zokuhamba
- ngezinhloso zokuphatha jikelele, ezezimali nezentela;

- ngezinhloso zomthetho nezenkontileka;
- ukuqapha ukufinyelela, kanye nokuvikela nokuphatha, izakhiwo nezikhungo zakwa-Transnet;
- ukusiza ukuthuthukisa ikhwalithi yezinsizakalo ze-Transnet;
- ukukhokhiswa isikweledu; kanye
- nokuhlaziywa nokubhalisa ikhasimende

## 7,3. Abantu Ulwazi Lomuntu Siqu Olumayelana Ngabo Lucutshungulwa yi-Transnet

7.3. 1. Ulwazi lomuntu siqu lwezigaba ezilandelayo zabathintekayo kulo luyacutshungulwa:

- amalungu eBhodi Yabaqondisi;
- amalungu eSigungu Esiphezulu;
- abasebenzi kanye nabasebenzi abazoba khona;
- abeluleki;
- abakhalazi kanye nababuzayo;
- abaphathi beSikhwama Somhlalaphansi sakwa-Transnet
- abaqondisi, abaphathi kanye nabasebenzi bezinkampani ezingaphansi;
- izinkontileka zangaphandle;
- abahlinzeki kanye nabahlinzeki bezinsizakalo;
- amakhasimende kanye nabasebenzi babo;
- abantu abathathwe izithombe/izidiyo yi-CCTV;
- abantu ababonise intshisekelo kumasevisi e-Transnet;
- abazuzi bezinhlelo zakwa-Transnet Zokutshalwa Kwezimali Emphakathini; kanye
- Abantu asolwazini ababandakanyekayo ophenyweni lwe-Transnet.

## 7,4. Ulwazi Lomuntu Siqu Olucutshungulwa yi-Transnet

7.4. 1. Imikhakha elandelayo yolwazi lomuntu siqu olucutshungulwa yi-Transnet:

- imininingwane yomuntu siqu yabantu bemvelo;
- indlela yokuphila nokuziphatha komphakathi;
- imisebenzi yebhizinisi;
- izimpahla ezihlinzekwayo kanye nezinsizakalo ezinikezwayo;

- imibono yomuntu siqu kanye/noma lokho akuthandayo;
- imininingwane yomndeni nabangane;
- imfundo kanye nomlando womsebenzi;
- izithombe ezibonakalayo zabantu ezithathwe yi-CCTV;
- imininingwane yezezimali; kanye
- neminingwane yokubhaliswa kwenkampani yabantu abangokomthetho.

## 7,5. Ulwazi Lomuntu Siqu Olukhethekile Olucutshungulwa yi-Transnet

7.5. 1. I-Transnet izocubungula le mikhakha elandelayo yolwazi olukhethekile lomuntu siqu:

- ulwazi oluphathelene nobuhlanga kanye/noma ubuzwe;
- ulwazi llwabasebenzi mayelana nobulungu benyunyana yabasebenzi;
- amacala noma izinsolo ngamacala;
- ukuzibandakanya enkolweni noma ezinye izinkolelo;
- Imininingwane yezempilo mayelana nomzimba noma nengqondo; kanye
- nezinqubo zobugebengu, izinqumo kanye nezigwebo.

## 7,6. Abantu Abanikezwa Ulwazi Lomuntu Siqu

7.6. 1. I-Transnet izonikezela ngolwazi lomuntu siqu kulabantu abalandelayo noma kule mikhakha yabantu. Noma nini lapho kunesidingo, i-Transnet izonikezela ngolwazi lomuntu siqu elucubungulayo nabantu abathinteka kulolo lwazi. Uma siba khona isidingo salokhu, i-Transnet kudingeka ukuthi ihambisane nemibandela ye-POPIA. Lokhu okulandelayo yimikhakha yabantu okungenzeka ukuthi i-Transnet ibanikeze ulwazi oluthile lomuntu siqu ngokwezizathu ezithile:

- umndeni, abalingani kanye nabameleli babantu abathintwa yilolo lwazi;
- Ukuqashwa kanye nama-ejensi athola abasebenzi;
- izinhlangano zezinsizakalo zezimali;
- ama-ejensi ahlinzeka ngolwazi lwesikweledu;
- izinhlangano zokunakekelwa kwempilo, ezenhlalo kanye nezenhlalakahle;
- ochwepheshe kwezokunakekelwa kwempilo;
- uhulumeni omkhulu;

- izinhlangano zomthetho;
- izinkantolo zomthetho, amakhomishini ophenyo kanye nezinye izikhungo zokungenelela;
- ozakwethu kwezebhizinisi;
- abafaka izicelo zokunxeshezelwa kanye nabadlimafa
- abantu abenza uphenyo noma abakhalazoyo;
- abaphenyi abazimele;
- othisha kanye nezinhlangano ezihlola abafundi;
- abaphenyi bezicelo;
- abahlinzeki kanye nabahlinzeki bezinsizakalo;
- izinhlangano zezimboni;
- abaphenyi kanye neziphathimandla zokulawula;
- izinhlangano zokuqoqwa kwezikweledu nokulandelela;
- amanye AmaPhiko Okusebenza e-Transnet;
- abahloli bamabhuku kanye noMcwaningi-Jikelele;
- abaphathi bezikhwama zempesheni;
- izinyunyana zabasebenzi; kanye
- nezinhlangano zezokuvikela.

## 7,7. Ukuhanjiswa Kolwazi Lomuntu Siqu Okuhleliwe Phakathi Nemingcele

7.7. 1. Kuyaye kudingeke ngezikhathi ezithile ukuthi i-Transnet inikezele ngolwazi lomuntu siqu lwabantu abathintekayo kulolo lwazi nabanye abantu bakwamanye amazwe. Uma kwenzeka kube nesidingo sokwenza lokhu, i-Transnet kuyadingeka ukuthi iqinisekise ukuthi iyahambisana nemigomo ye-POPIA ezisebenzayo. Lokhu kungenziwa kuphela uma kuhlangatshezwana nokukodwa noma ngaphezulu kokukodwa kwalezi zidingo ezilandelayo:

- Umuntu owamukela ulwazi ungaphansi komthetho, imithetho yenkampani ebophezelayo noma isivumelwano esibophayo esinikeza izinga elanele lokuvikelwa elisekela ngempumelelo izimiso zokucutshungulwa kolwazi okuphusile okufana kakhulu nemibandela yokucutshungulwa kolwazi lomuntu siqu okusemthethweni okuphathelene nomuntu othintwa yilolo lwazi ongumuntu wemvelo, nalapho kufanele khona, ongumuntu osemthethweni, njengoba kuchazwe ku-POPIA, futhi kufaka phakathi imibandela efana kakhulu nesigaba 72 se-POPIA ephathelene nokudluliselwa phambili kolwazi lomuntu siqu

kusuka kulowo othola ulwazi kuya kwabanye abantu bakwelinye izwe;

- umuntu othinteka olwazini uyavuma ludluliselwe phambili;
- ukudluliselwa phambili kolwazi kuyadingeka ukuze isivumelwane senkontileka sisebenze esiphakathi komuntu othinteka olwazini kanye nenkampani okukhulunywa ngayo, noma ukuze kuqaliswe ngezinyathelo zokuqala zenkontileka ezithathwe ngenhloso yokuphendula isicelo somuntu othintwa yilolo lwazi;
- ukudluliselwa phambili kolwazi kuyadingeka ukuze kuphothulwe noma kufezwe isivumelwano esizosiza umuntu othintekayo olwazini phakathi kwenkampani okukhulunywa ngayo nalowo muntu; noma
- ukudluliselwa phambili kolwazi kusiza lowo muntu othinteka olwazini, futhi akunakwenzeka ukuthola imvume yomuntu othintekayo kulokho kudluliselwa phambili kolwazi, futhi uma bekungenzeka ukuthi imvume enjalo itholakale, umuntu othintekayo kulolo lwazi cishe ubengeke enqabe.

### 7,8. Incazelo Ejwayelekile Yezinyathelo Zokuphepha ze-IT Ezisetshenziswa ngaphakathi kwa-Transnet

7.8. 1. I-Transnet isebenzisa ubuchwepheshe ukugcina ulwazi luvikelekile. Silandela amazinga aphezulu embonini ye-ICT ukuvikela ulwazi lwenkampani, futhi sisebenzisa izendlalelo ezahlukahlukene zezokuphepha ngenhloso yokuvikela kanye nokuvikeleka kolwazi oluyimfihlo, kwesithunzi kanye nendlela yokufinyelela kudatha nakulwazi lwethu (kubandakanya ulwazi lomuntu siqu).

## 8. UKUCUTSHUNGULWA KWESICELO SAKHO

8,1. Ngokuya ngemibandela ye-PAIA ne-POPIA, ukufinyelela kumarekhodi acelwe KU-Transnet kuzonikezwa kuphela uma:

- zonke izidingo zenqubo ezibekwe ku-PAIA naku-POPIA eziphathelene nesicelo zihlangatshezwa; kanye
  - nokufinyelela kumarekhodi aceliwe akwenqatshwa ngokwemibandela yanoma yisiphi isizathu sokwenqaba esibekwe ku-PAIA.

8,2. Izizathu zokwenqaba zichazwe eSahlukweni 4 seNgxenye 2 ye-PAIA futhi zifaka phakathi ukuvikelwa okuphoqelekile kwalokhu:

- ulwazi lwezentengiselwano lomunye umuntu;
- ulwazi oluthile oluyimfihlo;

- ukuphepha kwabantu ngabanye, kanye nokuvikelwa kwempahla;
- amarekhodi anelungelo lokukhiqizwa ezinqubweni zomthetho;
- izintshisekelo zomnotho kanye nenhlalakahle yezezimali yeRiphabhulikhi kanye nemisebenzi yezentengiselwano yezinhlangano zomphakathi;
- ulwazi locwaningo lomunye umuntu noma lwenye inhlangano, kanye nokuvikelwa kolwazi locwaningo lwenhlangano yomphakathi; noma
- ulwazi oluthile mayelana nemisebenzi yezinhlangano zomphakathi.

8,3. I-Transnet kungenzeka izenqabe izicelo ezephula eminye imithetho, okuhlanganisa ne-POPIA, phakathi kwezinye.

## 9. IMALI ENQUNYIWE

9,1. I-PAIA ikhokhisa izinhlobo ezimbili zemali, okuyimali yesicelo kanye nemali yokufinyelela, okudingeka ikhokhwe ngaphambi kokuba i-Transnet icubungule isicelo solwazi.

9,2. Lowo mfakisicelo womuntu siqu, okungukuthi umfakisicelo ocela ukufinyelela kurekhodi eliqukethe ulwazi lomuntu siqu ngalowo mfakisicelo, akudingeki ukuthi akhokhe imali yesicelo. Noma yimuphi omunye umfakisicelo kuzodingeka akhokhe leyo mali, kuncike ekukhululweni ekukhokhisweni okubalwe ngezansi.

9,3. Imali ekhokhwayo yilezi ezilandelayo:

- imali yokukopishwa kwaleli bhuku kanye namarekhodi okubhalwe kuSithasiselo 2;
- imali yesicelo ekhokhwa yilowo nalowo mfakisicelo, ngaphandle uma umfakisicelo kunguye siqu, ibhalwe kuSithasiselo 2;
- imali yokufinyelela ekhokhwa ngumfakisicelo okukhulunywa ngayo esigabeni 22(7), ngaphandle uma kungamele akhokhiswe ngaphansi kwesigaba 22(8) se-PAIA, zibhalwe kuSithasiselo 2.

9,4. Abantu abalandelayo abakhokhiswa imali yesicelo kanye nokufinyelela:

- umuntu oyedwa onomholo wakhe wonyaka, ngemva kokudonswa kwemali okuvunyelwe, umholo wakhe ongadluli u-R14 712,00 ngonyaka; kanye
- nabantu abashadile, noma umuntu kanye nomlingani wakhe abahlala ndawonye, abanomholo wonyaka ngemva kokudonswa okuvunyelwe kwemali ongadluli u-R27 192,00 ngonyaka.

9,5. Imali ayikhokhwa ezimweni ezilandelayo:

- lapho izindleko zokuqoqa noma iyiphi imali maqondana nokusesha nokulungiselela irekhodi ukuze lidalulwe zidlula inani elikhokhiswayo, leyo mali ayikhokhwa;
- imali yokufinyelela maqondana nokusesha, ukulungiselela nokuveza amarekhodi ayikhokhiswa mayelana nerekhodi lomuntu siqu lomfakisicelo; futhi
- imali yesicelo nokufinyelela kurekhodi elicelwe yisikhulu sesondlo noma umphenyi wesondlo ngezinjongo zophenyo noma uphenyo lwesondlo ngokwemigomo yomthetho we-Maintenance, 1998 (No. 99 ka-1998), noma imithethonqubo eyenziwe ngaphansi kwesigaba 44 salowo Mthetho.

## 10. AMAREKHODI ATHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO

Ngalokhu sinikeza uhlu lwemikhakha yamarekhodi etholakala ngokuzenzakalelayo kubafakisicelo ngaphandle kokuthi umuntu acele ukufinyelela ngokwe-PAIA, njengoba kudingeka esigabeni 15 se-PAIA.

### 10,1. Amakhophi Amarekhodi Atholakala Ngokuzenzakalelayo Mahhala

- Umbiko Ohlanganisiwe we-Transnet SOC Ltd;
- Izitatimende Zezezimali Zonyaka ze-Transnet SOC Ltd; kanye
- Nombiko Osimeme we-Transnet SOC Ltd.

### 10,2. Imibhalo kanye Nolwazi Oluhlobene ne-Transnet SOC Ltd Ephethwe Yizinkampani NeKhomishini Yempahla Yobuhlakani

- Izaziso zokwephulwa kwe-RSR;
- Uhlu lwe-patent ye-Transnet;
- izaziso zekilasi;
- Ulwazi mayelana nomfundaze wabakwa-Transnet kanye nemisebenzi;
- izibalo zokwebiwa kwamakhebula;
- Izinyathelo zokusebenza zokuvalwa kwe-Transnet (27 Mashi 2020);
- Isaziso se-TNPA 4 mayelana Nesexwayiso Sobungozi Sezempilo - i-COVID-19 (20 Mashi 2020);
- Isicelo samanani emali- Abezokulawulwa Kwamachweba Kuzwelonke konyaka wezimali ka-2020;
- Ibhuku Lamanani, kusukela ngo-Ephreli 2020 kuya ngomhla zingama-31 Mashi 2021;
- I-Berth Deepening Landside;
- I-Bosmanskop Substation;

- EGauteng;
- E-Leeufontein;
- Iphrojekthi Yechweba i-Nolloth Lighthouse
- Ichweba laseKapa;
- Ichweba laseThekwini;
- Ichweba laseNgqura;
- I-Sishen – Saldanha Rail Line;
- I-Swazi Rail Link;
- INqubomgomo Yokulwisa Ukukhwabanisa Nenkohlakalo, ka-2021;
- UMqulu Wamagunya Ekomidi Locwangomabhuku
- Uhlu Lokuhlola Lwemibhalo Yezicelo Ezifakiwe Ezintsha Zokuthumela.

*Amakhophi awo wonke amarekhodi abhalwe ngenhla atholakala mahhala kuphela uma kutholakala isitoko esiphrintiwe nganoma yisiphi isikhathi. Ukufinyelela kula marekhodi kuzonikezwa abafakisicelo maqondana nesicelo sokufinyelela kumarekhodi, ngokuya ngemibandela yoMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, ka-2000.*

### 10,3. Amarekhodi Atholakala Ngokuzenzakalelayo Atholakala Ngokwenkokhelo Yemali Enqunyiwe

| Inombolo | Incazelo |
|---|---|
| 1. | Yonke imibhalo ephathelene nokufakwa kwe-Transnet SOC Ltd egcinwe yi-Yisizinda Senkampani i-Transnet. |
| 2. | Imininingwane yabacwaningi mabhuku akwa-Transnet SOC Ltd. |
| 3. | Imininingwane yabahloli bezimali bohlelo lwempesheni kanye nezimali zezinhlelo zezokwelapha ezisetshenziswa yi-Transnet SOC Ltd. |
| 4. | Imithetho yemihlomulo, izindlu kanye nezinhlelo zezokwelapha kanye nezikhwama. |
| 5. | Amanyuziletha |
| 6. | Izithombe ze-CAMCO / isango lokungena / isango lokuphuma lempahla (uma kukhona khona). |

Abafakizicelo bazokwaziswa ngezimali ezibekiwe lapho bethola iresidi lesicelo sokufinyelela kumarekhodi. Ukufinyelela kula marekhodi kuzonikezwa abafakisicelo maqondana nesicelo sokufinyelela kumarekhodi, ngokuya ngemibandela yoMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, ka-2000.

## 11. IZINSIZA EZITHOLWA NGUMPHAKATHI

### 11,1. Abezolawulo Bamachweba Kuzwelonke kwa-Transnet

- bahlela, bahlinzeke, bagcine baphinde bathuthukise ingqalasizinda yamachweba;
- balungiselela baphinde bavuselele njalo uhlelo lohlaka lokuthuthukiswa kwamachweba lwechweba ngalinye, okumele lubonise inqubomgomo Yabezolawulo lokuthuthukiswa kwamachweba nokusetshenziswa komhlaba ngaphakathi kwalelo chweba;
- uhlinzeka noma uhlela ukufinyelela emigwaqweni nasezitimeleni ngaphakathi kwamachweba;
- bagcina ukusimama kwamachweba nezindawo ezizungezile;
- balawula ukuthuthukiswa kwamachweba;
- balawula ukusetshenziswa komhlaba ngaphakathi kwamachweba baphinde babe namandla okuqashisa ngomhlaba ngaphansi kwezimo ezinqunywe Ngabezolawulo;
- bahlela izinsizakalo zengqalasizinda ezifana namanzi, ugesi, i-inthanethi, indle kanye nokuxhumana ngaphakathi kwamachweba;
- balawula ukulayisha, nokwehlisa nokugcina kwemithwalo kanye nokugibela nokwehla kwabagibeli;
- balawula izizinda zokuphathwa kwemithwalo ngaphandle kolwandle;
- balawula ukungcoliswa kwemvelo kanye nokuvikelwa kwemvelo ngaphakathi kwemingcele yechweba;
- balawula ukuthuthukiswa kokuphepha nokuvikeleka ngaphakathi kwemingcele yechweba;
- banquma ngemingcele lapho kanye namazinga okumba imigodi lapho kungenziwa khona emachwebeni kanye nezindlela zokukwenza lokho;
- baqinisekisa ukuthi kuhlinzekwa izinsizakalo zamachweba enele, angabizi futhi ezisebenzayo; kuhlinzekwa nangezizinda;
- basebenzisa imisebenzi yezokukhishwa nokulawulwa kwamalayisense maqondana nezinsizakalo zamachweba kanye nezizinda zamachweba;
- baqinisekisa ukuthi noma yimuphi umuntu okudingeka ukuthi anikezele noma yiziphi izinsizakalo zezamachweba kanye nezizinda zamachweba uyakwazi ukunikezela lezo zinsizakalo nezizinda ngendlela efanele;
- bakhuthaza ukwenziwa komsebenzi ngendlela enempumellelo, nenokwethembeka kanye nezomnotho ohlangothini lwabasebenzi abanamalayisensi ngokuhambisana namazinga zomhlaba wonke nahambisana nezidingo zomphakathi;

- bakhuthaza ukufezwa kokulingana ngokusebenzisa izindlela ezenzelwe ukuthuthukisa abantu noma imikhakha yabantu ababencishwe amathuba ngaphambilini ngenxa yokubandlululwa okungafanele emisebenzini yezizinda zamachweba;
- bakhuthaza ukusetshenziswa, nokwenziwa ngcono kwamachweba kanye nokuthuthukiswa kwawo;
- beluleka ngazo zonke izindaba eziphathelene nomkhakha wamachweba, izinsizakalo zamachweba kanye nezizinda zamachweba;
- ikhuthaza ukumelwa okukhulu, ikakhulukazi ukwandisa ukubamba iqhaza kwabantu ababencishwe amathuba ngaphambilini ekusebenzeni kwamachweba;
- basebenzisa ilayisense yokwakhiwa kanye nokusebenza kwezizinda zokuphathwa kwemithwalo engaphandle kolwandle kanye nezinsizakalo eziphathelene nalokhu;
- bakhipha noma bagqugquzele ukukhishwa kwezibopho zomhlaba wonke eziphathelene namachweba;
- bagqugquzela ukusebenza kwemisebenzi yanoma yiluphi uhlaka lukahulumeni echwebeni;
- bakhuthazela ucwaningo nentuthuko emkhakheni wezinsizakalo zamachweba kanye nezizinda;
- balawula ukuhamba ngaphakathi kwemingcele yamachweba kanye nezindlela zokungena emachwebeni;
- balawula ukungena kwemikhumbi emachwebeni, kanye nokuhlala kwawo, nokuhamba noma nokusebenza ngaphakathi kanye nokusuka emachwebeni;
- bahlinzeka noma bahlela ukudonsa, izikebhe zokuhlola kanye nezinye izizinda nezinsizakalo zokuhamba kanye nokufaka imikhumbi emachwebeni; baphinde
- bahlinzeke, balawule baphinde bagcine izinsizakalo zokuhamba kwemikhumbi.

Ukuze uthole ulwazi mayelana nokungena kulezi zinsiza, uyacelwa ukuba uvakashele iwwebhusayithi yakwa-Transnet: www.transnet.net.

### 11,2. Ezamaphayiphi kwa-Transnet

- uphiko lwamaphayiphi lungumnikazi, luphinde lusebenze lugcine uchungechunge lwamaphayiphi kaphethiloli negesi enomfutho ophezulu, luphinde luhlinzeke ngezokuthuthwa nokugcinwa kwemikhiqizo kaphethiloli; kanye

- nokuthuthwa kukaphethiloli negesi.
- Ukuze uthole ulwazi mayelana nokungena kulezi zinsiza, uyacelwa ukuba uvakashele iwwebhusayithi yakwa-Transnet: www.transnet.net.

## 11,3. I-Transnet Port Terminals

- lolu phiko lwamatheminali ezamachwebal ulawula ukusebenza kwamachweba amakhulu ayisikhombisa (7) aseNingizimu Afrika;
- lubhekelela ukulayishwa nokwehliswa kwemithwalo;
- luhlinzeka ngezinsizakalo ezibalulekile, okuhlanganisa ukupakishwa nokukhishwa kwemithwalo kanye nokugcinwa kwezinto ngesikhathi kuhanjwa endleleni; futhi
- lunenhlosombono wokuba kube yilo umlingani othandwayo kwezokusebenzisana kwezamabhizinisi.
- Ukuze uthole ulwazi mayelana nokungena kulezi zinsiza, uyacelwa ukuba uvakashele iwwebhusayithi yakwa-Transnet: www.transnet.net.

## 11,4. Ezezitimela Zokuthuthwa Kwempahla zakwa-Transnet (i-TFR)

- Lolu phiko luyibhizinisi elingqala Yezezitimela Zokuthuthwa Kwempahla kwa-Transnet(i-TFR) lusezixazululweni zezokuthutha kwempahla okwenzelwe amakhasimende asemkhakheni wale mboni, okuhlanganisa ukumbiwa kwezimayini, ukukhiqiza okunzima nokulula.
- Ukuze uthole ulwazi mayelana nokungena kulezi zinsiza, uyacelwa ukuba uvakashele iwwebhusayithi yakwa-Transnet: www.transnet.net.

## 11,5. Ezobunjiniyela kwa-Transnet (TE)

- lolu phiko luyibhizinisi lobunjiniyela;
- luyinkampani ehamba phambili yokuthuthukisa nokuvuselela imikhiqizo ehlobene nojantshi eNingizimu Afrika;
- luvuselela luhinde luthuthukise imikhiqizo yezitimela, namakhanda ezitimela kanye nezinqola; luphinde
- luhlinzeka ngezingxenye zemikhiqizo yezitimela luphinde lwakhe izinqola zesitimela zokuthutha impahla.
- Ukuze uthole ulwazi mayelana nokungena kulezi zinsiza, uyacelwa ukuba uvakashele iwwebhusayithi yakwa-Transnet: www.transnet.net.

## 11,6. Ezempahla kwa-Transnet

- Lolu phiko Lwezempahla kwa-Transnet lufaka phakathi ukulawula kokuqasha kanye nokuqashisa, ukuphatha kwansuku zonke (imisebenzi), ukuphathwa kwezizinda, kanye nokuphathwa kwempahla (ukukhokhisa kanye nokuqoqwa kwemali);
- Ezempahla kwa-Transnet iphinde inikeze izinsizakalo zempahla ezikhethekile kwamanye amaphiko okusebenza e-Transnet abalwe ngenhla, kanye neSizinda Senkampani kwa-Transnet; iphinde
- ihlinzeke ngezinsizakalo ezibalulekile, ezibandakanya ukuhlolwa kwempahla, ukuhlolwa komhlaba kanye nokubhaliswa, ukuphathwa kwempahla kanye nolwazi lwendawo, kanye namarekhodi kanye nokuphathwa kwamatatiyela.

### 11,7. Ezolawulo Yengqalasizinda Yezitimela kwa-Transnet

- Uphiko Lwezolawulo Yengqalasizinda Yezitimela kwa-Transnet lunesibopho sokuphatha, ukugcinwa kanye nokuthuthukiswa kochungechunge lwengqalasizinda yezitimela kuzwelonke e-Transnet, okuhlanganisa umzila, isignali, ingqalasizinda kagesi kanye nempahla yesitimela ehlobene nalokhu.
- Ukuze uthole ulwazi mayelana nokuthola lezi zinsiza, uyacelwa ukuba uvakashele iwwebhusayithi yakwa-Transnet: www.transnet.net.

## 12. IZIXAZULULO ZAKHO

12,1. Umfakisicelo (noma omunye umuntu, lapho kufanele khona) angacela usizo kunoma iyiphi inkantolo enegunya elifanele maqondana nezinqumo ezilandelayo zeSikhulu Solwazi:

- ukwenqatshwa noma ukwenqatshwa kwengxenye yesicelo sokuthola ulwazi;
- inani lemali okudingeka likhokhwe;
- ukwelulwa kwesikhathi sokubhekana nesicelo; noma
- indlela ulwazi oluzotholakala ngayo.

12,2. Zonke izinqubo zezomthetho kumele zinikezwe iSekela LeSikhulu Solwazi

## 13. AMAREKHODI AGCINWE YI-TRANSNET

I-Transnet SOC Ltd igcina amarekhodi kule mikhakha nezihloko ezilandelayo. Kodwa-ke, sicela uqaphele ukuthi ukurekhoda umkhakha noma isihloko kuleli Bhuku akusho ukuthi isicelo sokufinyelela kumarekhodi anjalo sizovunyelwa. Zonke izicelo zokufinyelela zizohlolwa ngokwesimo ngasinye ngokuhambisana nezinhlinzeko ze-PAIA.

### 13,1. Amarekhodi Angaphakathi

Lawa alandelayo amarekhodi aphathelene nezindaba ze-Transnet:

- amarekhodi ezezimali;
- amarekhodi okusebenza;
- impahla yobuhlakani;
- amarekhodi okumaketha;
- ukuxhumana kwangaphakathi;
- amarekhodi asemthethweni;
- izinqubomgomo nezinqubo zangaphakathi; kanye
- namarekhodi aphethwe yizikhulu ze-Transnet.

### 13,2. Amarekhodi Abasebenzi

"Isisebenzi" kusho noma yimuphi umuntu osebenza kwa-Transnet noma ohlinzeka ngezinsizakalo kwa-Transnet noma egameni layo futhi othola, noma onelungelo lokuthola, noma yimuphi umvuzo, kanye nanoma yimuphi omunye umuntu osiza ekwenzeni noma ekuqhubeni noma yimuphi umsebenzi noma izinsizakalo kwa-Transnet. Lokhu kufaka phakathi, ngaphandle kwesilinganiselo, izinhloko zeminyango, abaphathi, bonke abasebenzi abaqashwe ngokugcwele, abangaqashiwe ngokugcwele kanye nabasebenzi besikhashana, kanye nabasebenzi benkontileka. Amarekhodi abasebenzi afaka okulandelayo:

- noma yimaphi amarekhodi omuntu siqu anikezwe abakwa-Transnet ngabasebenzi bayo;
- noma yimaphi amarekhodi omunye umuntu awanikeze abakwa-Transnet mayelana nanoma yibaphi abasebenzi bayo;
- izimo okusetshenzwa ngaphansi kwazo kanye namanye amarekhodi ezivumelwane nabasebenzi nawezomthetho;
- amarekhodi okuhlola angaphakathi; kanye
- namanye amarekhodi angaphakathi kanye nawokuxhumana.

### 13,3. Amarekhodi Ahlobene Nomsebenzi

Ulwazi oluhlobene nomsebenzi luhlanganisa okulandelayo:

- noma yimaphi amarekhodi omunye umuntu awanikeze abakwa-Transnet; kanye
- amarekhodi akhiqizwe abakwa-Transnet noma ngaphakathi kwa-Transnet aphathelene nomsebenzi noma izinsizakalo, kufaka phakathi amarekhodi okuthengiselana.

## 13,4. Ezinye Izinhlangano

Amarekhodi agcinwa maqondana nezinye izinhlangano, kufaka phakathi, osonkontileka, abahlinzeki, iminyango kahulumeni, kanye nabahlinzeki bezinsizakalo. Ngaphandle kwalokho, amanye amaqembu anjalo angaba namarekhodi okungathiwa angawe-Transnet. Amarekhodi alandelayo awela ngaphansi kwalesi sigaba:

- amarekhodi abasebenzi, omsebenzi noma amarekhodi ahlobene nezinsizakalo aphethwe omunye umuntu esikhundleni sokuphathwa abakwa-Transnet; kanye
- amarekhodi aphethwe abakwa-Transnet aphathelene nezinye izinhlangano, okuhlanganisa amarekhodi ezezimali, ukuxhumana, amarekhodi ezivumelwano, amarekhodi anikezwe ngenye inhlangano, kanye namarekhodi anikezwe ngomunye umuntu mayelana nezinkontileka/abahlinzeki.

## ISITHASISELO 1: IFOMU LESICELO – IZINHLANGANO ZOMPHAKATHI

## IFOMU 2

## ISICELO SOKUFINYELELA AMAREKHODI

*[Umthethonqubo 7]*

**QAPHELA:**

- Ubufakazi bokuthi ungubani kumele bufakwe ngumfakisicelo.
- Uma isicelo senziwe egameni lomunye umuntu, ubufakazi bokugunyazwa okunjalo kumele bufakwe kuleli fomu.

**IYA KU: Isikhulu SolwaziIsekela LeSikhulu Solwazi**

(Ikheli) Ikheli le-imeyili: ________________________________________

Inombolo Yefekisi: ________________________________________

*Faka uphawu u-"X":*

| Isicelo senziwa egameni lami | Isicelo senziwa egameni lomunye umuntu |
|---|---|
| ☐ | ☐ |

## A. ULWAZI LOMUNTU SIQU LOMFAKISICELO

| | |
|---|---|
| **Amagama Aphelele** | |
| **Inombolo Yomazisi** | |
| **Ubudlelwane bokufaka isicelo (uma senziwa egameni lomunye umuntu)** | |
| **Ikheli Leposi** | |
| **Ikheli Lesitaladi** | |
| **Ikheli Le-imeyili** | |

| | |
|---|---|
| **Ucingo (Lwebhizinisi)** | |
| **Iselula** | |
| **Ifekisi** | |

## B. IMININGWANE YOMUNTU OKUFAKWA ISICELO EGAMENI LAKHE (uma kuqondene nalokhu)

| | |
|---|---|
| **Amagama Aphelele** | |
| **Inombolo Yomazisi/Yokubhalisa** | |
| **Ikheli Leposi** | |
| **Ikheli Lesitaladi** | |
| **Ikheli Le-imeyili** | |
| **Ucingo (Lwebhizinisi)** | |
| **Iselula** | |
| **Ifekisi** | |

## C. IMININGWANE YEREKHODI ECELIWE

*Nikeza imininingwane ephelele yerekhodi okucelwa ukufinyelela kulo, kufaka phakathi inombolo yereferensi uma uyazi, ukuze irekhodi litholakale. Uma isikhala esinikeziwe singanele, sicela uqhubeke ekhasini elihlukile bese ulinamathisela kuleli fomu. Wonke amakhasi engeziwe kumele asayinwe.*

| | |
|---|---|
| **Incazelo yerekhodi noma ingxenye efanele yerekhodi** | |
| **Inombolo yereferensi, uma ikhona** | |
| **Noma yimiphi eminye imininingwane yerekhodi** | |

## D. UHLOBO LWEREKHODI (Faka uphawu u- "X" ebhokisini ellifanele)

| | |
|---|---|
| Irekhodi libhalwe phansi noma liprintiwe | ☐ |
| Irekhodi liqukethe izithombe zohlelo lwe-virtual (kufaka phakathi izithombe, amaslayidi, ukuqoshwa kwevidiyo, izithombe ezenziwe ngekhompyutha, imidwebo, njll.) | ☐ |
| Irekhodi liqukethe amagama aqoshiwe noma ulwazi olungakhiqizwa kabusha ngomsindo | ☐ |
| Irekhodi ligcinwa kukhompyutha noma ngendlela ye-elekthronikhi, noma efundeka ngomshini | ☐ |

## E. INDLELA YOKUFINYELELA KULWAZI (Faka uphawu u- "X" ebhokisini ellifanele)

| | |
|---|---|
| Ikhophi ephrintiwe yerekhodi (kufaka phakathi amakhophi anoma yiziphi izithombe zohlelo lwe-virtual, ama-transcription kanye nolwazi olugcinwe kukhompyutha noma ngendlela ye-elekthronikhi noma efundeka ngomshini) | ☐ |
| I-transcription ebhaliwe noma ephrintiwe yezithombe zohlelo lwe-virtual (lokhu kufaka phakathi izithombe, amaslayidi, ukuqoshwa kwevidiyo, izithombe ezenziwe ngekhompyutha, imidwebo, njll.) | ☐ |
| I-transcription yomculo (idokhumenti ebhaliwe noma ephrintiwe) | ☐ |
| Ikhophi yerekhodi eku-flash drive (kufaka phakathi izithombe zohlelo lwe-virtual nomculo) | ☐ |
| Ikhophi yerekhodi eku-compact disc (kufaka phakathi izithombe zohlelo lwe-virtual nomculo) | ☐ |
| Ikhophi yerekhodi elondolozwe kuseva yesitoreji samafu | ☐ |

## F. INDLELA YOKUFINYELELA KULWAZI (Faka uphawu u- "X" ebhokisini ellifanele)

| | |
|---|---|
| Ukuhlolwa komuntu siqu kwerekhodi ekhelini elibhalisiwe lenhlangano yomphakathi/yangasese (kufaka phakathi ukulalela amagama aqoshiwe, ulwazi olungakhiqizwa kabusha ngomsindo, noma ulwazi olugcinwe kukhompyutha noma ngendlela ye-elekthronikhi noma efundeka ngomshini) | ☐ |
| Izinsiza zokuposela ekhelini lokuposa | ☐ |
| Izinsiza zokuposela ekhelini lomgwaqo | ☐ |

| | |
|---|---|
| Izinsiza zokuthunyelwa kwempahla ekhelini lomgwaqo | ☐ |
| Ifekisi yolwazi ebhaliwe noma ephrintiwe (kufaka phakathi ama-transcription)☐ | ☐ |
| I-imeyili yolwazi (kufaka phakathi nomculo) | ☐ |
| Ukwabelana ngefu / ukudluliselwa kwefayela | ☐ |

| | |
|---|---|
| ***Ulimi olukhethwayo (Uma irekhodi lingatholakali ngolimi oluthandayo, ukufinyelela kunganikezwa ngolimi irekhodi elitholakala ngalo.)*** | |

## G. IMININININGWANE YELUNGELO LOKUSEBENZISA NOMA LOKUVIKELA

*Uma isikhala esinikeziwe singanele, sicela uqhubekele ekhasini eliseceleni bese ulinamathisela kuleli fomu. Umfakisicelo kumele asayine wonke amakhasi engeziwe.*

| | |
|---|---|
| **Khombisa ukuthi yiliphi ilungelo okufanele lisetshenziswe noma livikelwe** | |
| **Chaza ukuthi kungani irekhodi eliceliwe lidingeka ukuze kusetshenziswe noma kuvikelwe ilungelo elishiwo ngenhla.** | |

## H. IMALI

*Imali yesicelo kumele ikhokhwe ngaphambi kokubhekwa kwesicelo. Uzokwaziswa ngenani lemali yokufinyelela kulwazi okufanele ikhokhwe. Imali ekhokhwayo yokufinyelela irekhodi incike kuhlobo lokufinyelela oludingekayo kanye nesikhathi esidingekayo sokusesha nokulungisa irekhodi. Uma ufanelekela ekutheni ungakhokhiswa kwanoma iyiphi imali, sicela usho isizathu salokho.*

| | |
|---|---|
| **Isizathu sokungakhokhiswa** | |

Uzokwaziswa ngokubhaliwe ukuthi isicelo sakho sivunyiwe noma senqatshiwe, nangezindleko eziphathelene nesicelo sakho uma sivunyiwe, uma zikhona. Sicela ubonise indlela oyithandayo yokuxhumana:

| Ikheli Leposi | Ifekisi | Ukuxhumana ngohlelo lwekhompyutha (sicela ucacise) |
|---|---|---|
| | | |

Isayinwe e- _________________________ ngomhla zingu- __

______ usuku lwenyanga ________________ 20___.

___________________________________

*Isiginesha yoMfakisicelo/ umuntu osicelo sakhe senziwe egameni lakhe*

## KUGCWALISWA ABEHHOVISI

| | |
|---|---|
| **Inombolo yereferensi** | |
| **Isicelo samukelwe ngu- (Isikhundla, Igama kanye nesibongo seSikhulu Solwazi)** | |
| **Usuku lokwamukelwa** | |
| **Imali zokufinyelela kurekhodi** | |
| **Idiphozithi (uma ikhona)** | |

___________________________________

*Isiginesha yeSikhulu Solwazi*

## ISITHASISELO 2: IMALI EKHOKHWA YIZIINHLANGANO ZOMPHAKATHI

Imali ebalulwe kulesi Sithasiselo yileyo echazwe ngaphansi kwesigaba 22 kanye nesigaba 54 soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, 2000, ezifundwa kanye neMithethonqubo eyenziwe ngaphansi kwawo.

### Ingxenye A – Ukukopishwa Kwebhuku Namarekhodi

| Into | Imali |
|---|---|
| Wonke amakhophi ekhasi elingusayizi we-A4 noma ingxenye yalo | R1,10 |
| Wonke amakhophi aphrintiwe ekhasi elingusayizi we-A4 noma ingxenye yalo egcinwe kukhompyutha noma ngendlela ye-elekthronikhi noma efundekayo ngomshini | R0,75 |
| Wonke amakhophi afundeka kukhompyutha aku-compact disc | R70,00 |
| Mayelana ne-transcription yezithombe ezibonakalayo, ikhasi elingusayizi we-A4 noma ingxenye yalo | R40,00 (isevisi) R60,00 (ikhophi) |
| Mayelana nekhophi yezithombe ezibonakalayo | R60,00 |
| Mayelana ne-transcription yerekhodi le-audio, ikhasi elingusayizi A4 noma ingxenye yalo | R20,00 |
| Mayelana nekhophi yerekhodi ye-audio | R30,00 |

### Ingxenye B – Imali Yesicelo

Imali yesicelo ekhokhwa yilowo nalowo mfakisicelo, ngaphandle uma umfakisicelo kunguye siqu, ingu-R50,00.

### Ingxenye C – Imali Yokufinyelela

| Into | Imali |
|---|---|
| Ikhophi yekhasi elinosayizi we-A4 noma ingxenye yalo | R1,10 |
| Ikhophi ephrintiwe yekhasi elingusayizi we-A4 noma ingxenye yalo eligcinwe kukhompyutha noma ngendlela ye-elekthronikhi noma efundeka ngomshini | R0,75 |
| Ikhophi efundeka ngekhompyutha eku-compact disc | R70,00 |
| I-Transcription yezithombe ezibonakalayo, yekhasi elingusayizi we-A4 noma ingxenye yalo | R40,00 |

| Into | Imali |
|---|---|
| Ikhophi yezithombe ezibonakalayo | R60,00 |
| I-transcription yerekhodi le-audio, lekhasi elingusayizi we-A4 noma ingxenye yalo | R20,00 |
| Ikhophi yerekhodi ye-audio | R30,00 |
| Ukusesha nokulungiselela irekhodi lokudalulwa, ihora ngalinye noma ingxenye yehora, elidingekayo ngokufanele ekusesheni nasekulungiseleleni kwalo (ukusesha okungaphezu kwamahora ayi-6) | R30,00 |
| Imali yokuthumela ngeposi, i-imeyili noma okunye ukudluliselwa nge-elekthronikhi | Izindleko zangempela |

## Ingxenye D - Amadiphozithi

Lapho ukusesha irekhodi nokulungiselela irekhodi elinjalo lokudalulwa kulinganiselwa ukuthi kudlula amahora ayisithupha (6), idiphozithi yengxenye yesithathu yemali yokufinyelela ikhokhwa ngaphambi kokuba isicelo siqhubeke nokucutshungulwa.

## Ingxenye E – Imininingwane Yebhange Yokukhokha Imali

| | |
|---|---|
| **Igama Lebhange** | 0000 |
| **Igama Lomnikazi We-akhawunti** | Transnet SOC Ltd |
| **Uhlobo Lwe-akhawunti** | 000000 |
| **Inombolo Ye-akhawunti** | 00000 |
| **Ikhodi Yegatsha** | 000000 |
| **Iriferensi** | Igama Lomfakisicelo+ Inombolo Yereferensi Ye-PAIA |
| **Thumela ubufakazi bokukhokha kule imeyili:** | Paia2@transnet.net |